

Brambles

INqubomgomo Yokunganyelwa Kwezingozi Nezingcuphe

Brambles Limited

Ibukeziwe: 1 kuMasingana 2020

Uhlelo 2.0

UKUNGANYELWA KWEZINGOZI NEZINGCUPHE

Ukuphathwa kwezingcuphe okuyimpumelelo kusemqoka kakhulu ukuze kukhule ngokuqhubekayo futhi nangempumelelo i-Brambles kanti kungumongo wokuphunyeliswa kwezinjongo zethu. Injongo yethu ididiyelwe kusikompilo lokunganyelwa kwezingcuphe olunamandla kulo lonke iQembu.

Sizodidiyela ukunganyelwa kwezingozi okusebenza ngempumelelo njengengxenyane yenqubo yethu yokuhlela okuphusile, ukuthuthukisa ukwabiwa kwekhephithali yokugqamisa izingozi zebhizinisi nokufuna uhlangothi oluncintisana kangcono ngokuqinisekiswa kokufezwa kwezinjongo zenhlangano okuvunyelwene ngazo nezebhizinisi.

Lapho sisebenza khona, sizokwenza lokhu:

- hlonza, hlaziya nokulinganisela izindaba zobungozi ngendlela efanayo, sisebenzisa uhlelo olufanayo namacebo;
- ngamela izingozi ezibhekene neQembu ezingeni lasendaweni (kanjalo nasesizindeni, ezingeni leyuniti yebhizinisi nasebhizinisini lonkana);
- kwenza ukuqonda kwethu ubungozi nalokho okuvunyelwene ngokukubekezela njengokusemqoka okuzocutshungulwa ekwenziweni kwezinqumo zethu;
- ukudidiyelwa kwezingozi eziqavile namapulani okunciphisa afakwe emacebweni kanye namapulani okusebenza kwebhizinisi; kanjalo
- nokushuthekwa kokunganyelwa kwezingozi emisebenzini yethu ebucayi, okwenziwayo kanye nezinqubo.

Abakwa-Brambles baklame futhi baqalisa ukusebenza kwezinhlelo zokulawula zangaphakathi kanjalo nezinqubo zokunganyelwa kwezingcuphe lezi ziyabukezwa njalonjalo yiBhodi. Sizokhubeka nokugcwalisa izimfuno zikahulumeni ezinzima zokunganyelwa kwezingozi.

Eminye imininingwane mayelana Nezinqubo Zokunganyelwa Kwezingozi Eqenjini iyatholakala ku-Group Vice President, yakwa-Internal Audit and Risk.